IsiZulu

HLALA UPHEPHILE

GOMA UKUZE USINDISE ININGIZIMU AFRIKA

NGOKUBAMBISANA SINGALINQOBA IGCIWANE LE-*CORONA*

# INKULUMO **YAMADODA NGOMGOMO**

## I-*COVID-19* NEZOCANSI?

**Ingabe i-*COVID-19* ingadala ukungavukelwa kumuntu wesilisa? CHA.**

Imigomo ye-*COVID-19* ayidali ukungavukelwa kowesilisa noma ukungabi nabantwana. Ngakolunye uhlangothi, ukusuleleka nge-*COVID-19*:

- kungadala ukungavukelwa kanye nokungatholi abantwana kubantu besilisa.
- kungenyusa ubungozi bokungavukelwa (i-ED) ngokuphindwe kasithupha.

## KUNGANI AMADODA EFA KAKHULU?

**Amadoda amaningi (amadala) afa ukudlula abesifazane ngenxa yokusuleleka nge-*COVID-19* ngoba:**

- Abesilisa ngokwendalo bathinteka kakhulu ngenxa ye-*COVID-19*.
- Amadoda awafuni usizo lwezokwelashwa ngokushesha.
- Mancane amadoda agomayo uma eqhathaniswa nabesifazane.

Masikhuthaze abafowethu kanye nabangani bethu ukuthi bathole umjovo ukuze sizigcine thina siphephile kanye nalabo esibathandayo.

## UGOMA KANJANI?

Uma uneminyaka eyi-12 ubudala noma ngaphezulu, ungabe usalinda! Hamba uyogoma esikhungweni esiseduzane nawe. Akudingeki ukuthi ulinde i-SMS ekutshela ukuthi uyogoma nini futhi ugomele kuphi.

- Yiza noMazisi wakho, iPhasiphothi, incwadi engubufakazi Bokukhoseliswa noma inombolo Yezokufuduka.
- Ngakube uneminye imibuzo? Shayela ku-0800029999. Silapha ukuze sikusize.

| AMAMPUNGE | AMAQINISO ANGEMPELA |
|---|---|
| **Amampunge:** Imigomo ye-*COVID-19* iyabulala. | INingizimu Afrika seyenze ingqophamlando ngokusetshenziswa kwemithamo yemigomo engaphezulu kweyizigidi ezingama-22. Akukho ukufa okuhlobene nomgomo okusatholakele. Imigomo inciphisa ubungozi bokugula kanzima, ukulaliswa esibhedlela kanye nokufa okuhlobene ne-*COVID-19*. |
| **Amampunge:** Ungayithola i-*COVID-19* emgomweni. | CHA! Angeke uthole i-*COVID-19* emgomweni ngoba umgomo awunalo igciwane. |
| **Amampunge:** Angikho ebungozini bokuguliswa i-*COVID-19* ngakho angiwudingi umgomo. | Imigomo inciphisa ubungozi besifo esibi, kodwa usengasuleleka ngegciwane futhi ulidlulisele kwabanye, ngakho-ke kubalulekile ukuthi ugonywe. |
| **Amampunge:** Umgomo ushintsha i-DNA yami. | Imigomo angeke ishintshe i-DNA yakho. |
| **Amampunge:** Imigomo inophawu lobusathane beSilo i-666. | Imigomo isekelwe kwezesayensi ezisegophelweni eliphezulu kakhulu futhi ayixhumani nanoma yiziphi izindaba zenkolo noma imimoya. |

**UKWESEKWA NGE-WHATSAPP**
**0600 123 456**
**INOMBOLO YEZIMO EZIPHUTHUMAYO**
**0800 029 999**
**sacoronavirus.co.za**

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

2030 NDP

NHTKL National House of Traditional & Khoi-San Leaders